"Amahlathi abhekelwe abantu futhi kudingeka sakhe indawo evumela ukuthuthuka komnotho kanye nomphakathi ngamahlathi anakekelekayo, ikakhulukazi ezingeni lasekhaya"

Ingabe usho ukuthini lo mbono?
Amahlathi **abhekelwe abantu**

- Umbono ubeka abantu, izimpilo zabo, amandla, kanye namathuba entuthuko yabo njengesisekelo sokuhlinzeka ngemisebenzi ezofaka isandla ekunciphiseni ubumpofu.

Thina *kudingeka sakhe*

- Kukhomba i-DWAF njengenhlangano eholayo engxenyeni yenkampani ekwenzeni indawo evumayo yomnotho kanye nokuthuthuka komphakathi ngamahlathi anakelekekayo. Lokhu kubhekela bobabili labo abaqashwe ngqo emisebenzini yezamahlathi (eHhovisi elikhulu kanye nasezingeni leNhlangano) kanye nabanye abasebenzi enhlanganweni yonke ye-DWAF labo amaqhaza abo kanye nemisebenzi enomthelela ezintweni zendawo evumayo.

Indawo evumela *intuthuko yomnotho nomphakathi*

- Ibhekela lapho inqubomgomo kanye nomthetho okufanele kukhuthaza khona imiphumela emihle kwabampofu, kufinyeleleka futhi zenziwe zafaneleka kanjani izinhlelo ezihamba ngezigaba ezithile eziphathelene nalokhu, futhi isakhiwo semakethe kanye nendlela kuvuleleke kangakanani ezidingweni zabangenayo abasha kanye nabakhiqizi abancane.

Umnotho nentuthuko yomphakathi

- Kuhlanganisa izindlela ezahlukene ukubhekelwa kwamahlathi (kanye nezinhlelo ezihlangene nakho ezisezansi) kungaba nomthelela ezinhlelweni ezahlukene zentuthuko yomnotho neyomphakathi njengengxenye yohlelo lokulwa nobumpofu. Lokhu kubona izinto eziphathelene nokungena kwemali kanye nezinye izinto zobuphofu bomphakathi kanye namandla amahlathi okwenza ngcono izimpilo.

*Nga***mahlathi anakelekekayo**

- Ukuthi intuthuko yezamahlathi ngokwenhlalo yomphakathi, ngokomnotho kanye nangokwendawo iyindlela esifaka ngayo isandla ekuqedeni ubuphofu.

ikakhulukazi **ezingeni lasekhaya**

- Kugxiliswe ukunaka ekuhlanganiseni indlela "yamahlathi abantu" ekuhleleni, ekuxhaseni ngezimali kanye nasezinhlelweni zokuqala ukusebenza kwabantu bezinhlangano ezenza imisebenzi emazingeni asekhaya.

Ukuthola olunye ulwazi ngoMbono Wezamahlathi: thinta uMike Peter, uSihlalo Wethimba Elinikezwe Umsebenzi Wokufezekisa Umbono kunombolo 012 336 8782, 1DA@dwaf.gov.gov.za.